# IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

## *34/2013: Intshumayelo ngesonto 04 emva komkhosi wobuThathwemunye, ngomhla ka 23. 06. 2013*

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.**

1. Iculo 180/175

2. **Umkhuleko:** Baba wethu othandekayo siyalibonga leli lethuba osiphe lona lokuba sihlangane lapha, sidumise Wena Nkulunkulu ophilayo. Sinxusa ukuba uqinise ukukholwa kwethu futhi usivikele emandleni kaSathane nasezilingweni zonke esibhekene nazo nsuku zonke. Sibonga izipho zomusa osenzela zona ngaye uJesu Khristu iNkosi noMsindisi wethu. Sikhulekela ukuthula kuleli zwe nokuhlalisana kahle. Nkosi Nkulunkulu, siyacela ukuba khuphele nya ukuhlukunyezwa kwezingane nabantu besifazane kanye nabo bonke Nkosi ababhekene nalesi simo. Mawuthethelele Nkosi zonke izono zethu bese ukuqondisa ukuhamba kwethu ebukhoneni bakho. Sicela konke lokhu ngaye uJesu Khristu. Ameni.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabaseRoma 14:10-13;

   Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuLuka 6:36-42.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 248/183

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

**7.** **Ivangeli** ngohlelo lwesihlanu lilotshiwe kuJohane 8:3-11, lithi: "Kepha ababhali nabaFarisi baletha kuye (uJesu) owesifazane ebanjwé ephinga; sebemmisé phakathi kwabo, bathi: Kuye: Mfundisi, lowesifazane ubanjwé esoqotsheni lokuphinga. Emthethweni uMose wasiyala ngabanje ukuba bakhandwe ngamatshe. Pho, wena uthini na? Bakusho lokho bemlinga, ukuze babe nokummangalela. Kepha uJesu wakhothama, waloba ngomunwe emhlabathini. Wathi besambuza njalo, walulama, wathi kubo: Ongenasono phakathi kwenu kuqale amphonse ngetshe. Waphinda wakhothama, waloba emhlabathini. Bathi ukuzwa lokho, belahlwa yizinhliziyo zabo baphuma ngabanye, beqalela kwabadala kwaze kwaba-

ngabokugcina, uJesu wasala yedwa; nowesifazane wayemi khona. UJesu wayeselulama; engaboni-muntu ngaphandle kowesifazane wathi kuye: Sifazane, baphi labobamangaleli bakho na? Akakho okulahlayo na? Wayesethi: Akakho, Nkosi. Wathi-ke uJesu kuye: Nami angikulahli, hamba, ungabe usona." Amen.

**8. Intshumayelo:** Bathandekayo eNkosini, indaba imayelana nababhali, abaFarisi, owesifazane kanye neNkosi uJesu. Ababhali nabaFarisi bahambela phezulu bathi Mfundisi, lona ubanjwe ephinga. Lokhu kusho ukuthi ubanjwe eyenza leyo nto. Abamlethi ngoba bekhathezekile ngempilo nokuziphatha kwakhe kodwa bacuphe iNkosi ukuthi izophendula ithini. Kunemibuzo eminingi ebuzwa maqondana nale ndaba njengokuthi wayephinga kanjani lo wesifazane eyedwa, uphi owesilisa na? Asingagxili kulokho iZwi elingakhulumi ngakho ngoba soncina ngokuthi sizakhele eyethu indaba. Abamangaleli bowesifazane banesiqiniseko impela sokuthi wonile ngoba bathi: "Ubanjwe esoqotsheni lokuphinga." Ngakho-ke ngokwesigwebo esaziwayo kufanele ashaywe ngamatshe aze afe, kodwa Wena Mfundisi uthini na? Kuyacaca ukuthi sekuqulwa icala kodwa bathi ake sizwe ukuthi uyamlahla yini ngecala futhi isigwebo sakho sithini. Lokhu kucaciswa ngumbuzo wabo othi: "Pho, wena uthini na?" Bazi kahle ukuthi uMose wabayala wathini. Kodwa bafuna ukuyethwesa icala iNkosi uJesu uma ingaphenduli ngendlela efunwa yibo.

INkosi ibaphendula ngokuthi: "Ongenasono phakathi kwenu kaqale amphonse ngetshe." UJesu uthathe lesi sigwebo abalindele ukuthi kugwetshwe ngaso owesifazane usibhekisa kubo bese engeza ngokuthi ongenasono makaqale amshaye ngetshe. Kuyacaca ukuthi impendule yeNkosi uJesu ibafikisa kwangqingetshe ababhali nabaFarisi, impela igudu selisha amanzi. Baphuma ngamunye ngamunye, kwase kusala iNkosi nowesifazane kuphela. Baphi? Sebeshonephi manje abakwethwesa icala na? Akekho okulahlayo na? Owesifazane uthi qha akekho! Nami angikulahli, kusho iNkosi uJesu. Kodwa ikubeka kucace ithi: "Hamba, ungabe usona." Impela ibathene amandla impela ethi ongenasono makaqale amshaye. Kuyacaca ukuthi ababhali nabaFarisi bazazi kahle ukuthi nabo banezabo izono ngakho-ke ngeke kubasize ukuthi bazenze ongcwelengcwele, yingakho bethi khumu, ayingangathi. Bacabanga ukuthi bazolinga iNkosi uJesu kanti kuzokwembuleka ubuqunu babo bese becabanga ngezono zabo. Owesifazane akathi nyaka futhi akathi vu, uze akhulume esephendula iNkosi uJesu.

IZwi leNkosi liyasifundisa ukuthi singazishayi osiyazi nongcwelengcwele kepha sihlale njalo sicela intethelelo ngaye uJesu Khristu. Kuhle ukwelulekana noma ukubuyisana lapho omunye ephambuka endleleni yeNkosi. Sonke ngothi lwethu siyona phambi kweNkosi uNkulunkulu, ngakho-ke sidinga ukuhlale sinxusa intethelelo ngaye uJesu Khristu owafela izono zethu. Impela siyazi bazalwane ukuthi ziningi izinhlobo zezono akugcini nje ngesokuphinga kuphela. Okufanele sikwazi ukuthi ikhambi lesono ukuphenduka nokucela ukuthethelelwa ngaye uJesu Khristu iNkosi noMsindisi wethu.

Bathandekayo eNkosini, ukuhamba ngokuzithiba kanye nokwenza intando kaNkulunkulu akusiyona into esingayithatha kancane nje ngoba asikwazi ukumelana nazo zonke izilingo uma singanamathele eNkosi. Kufanele ukuthi nsuku zonke sicele amandla okumelana nakho konke okubi okufuna okusehlukanisa neNkosi yethu uJesu. Singeliqonde iqiniso uma singaholwa nguMoya oNgcwele. Yingakho-ke kufanele ukuthi sihlale siyidumisa iNkosi yethu ngazo zonke izikhathi ngoba singeziphilele ngokwethu futhi ngeke sakwazi ukugwema izilingo ngamandla nangokwenza kwethu, njengoba imvelo yethu endala kumbe u-Adamu omdala uhlale evuka.

IZwi leNkosi liyasifundisa ukuthi kufanele sihlale ngokuzithoba singacabangi ukuthi singcono kunabanye abantu njengoba kwenza abaFarisi futhi sikhumbule nendaba yomfarisi nomthelisi ethempelini. Ngakho-ke singezishaye isifuba sithi nazi izoni thina singcono kunazo. Kodwa masihlale njalo sazi ukuthi siphila ngomusa kaNkulunkulu ngenxa yalokho izono zethu zithethelelwa ngesihle nangomusa wakhe ngoba akukho nokuncane esingakubeka phambi kweNkosi bese sithi sithethelele ngoba senze lokhu nalokhuya.

Kufanele ukuthi sicele njalo uBaba wethu osezulwini ukuthi asiphe amandla okubambelela kuye futhi sikholwe ukuthi ukuthethelela kwakhe kuphelele akudingi ukuthi sengeze ngokuthi sizenze ngcono ngemisebenzi yethu. Uma siphambi kweNkosi uJesu, masingathi khumu ayingangathi kodwa asizivume izono zethu singamane sishiye kulenga nje. Lapha iNkosi yethu ikhombisa uthando nesineke enazo ngathi noma ngabe izono zethu zinjani, Yona inamandla okusithethelela futhi isiqinise ekukholweni ngaye uMoya oyiNgcwele osibizele ekukholweni kweqiniso ngezwi lakhe. Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkosi Nkulunkulu Baba wethu onomusa siyakubonga ngoba awusilahlanga ngenxa yezono zethu kepha usithethelele wasenza abantwana bakho. Siphe amandla Baba okuthobela iZwi lakho futhi sihambe ngokwentando yakho. Mawuqinise ekukholweni okusindisayo ngaye uJesu Khristu iNkosi noMsindisi wethu. Sivikele Baba emandleni kaSathane nakukho konke okubi okufuna ukudunga ukukholwa kwethu nokushunyayelwa kweZwi lakho ngeqiniso. Sinxusa ukuba uhlale nathi Nkosi zikhathi zonke, ungasilahli ngoba akukho ndawo esingaphephela kuyo ngaphandle kwakho. Sibonga umusa osenzela wona ngaye uJesu Khristu iNdodana yakho ethandekayo. Ameni. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 216/150

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2013 ngu-S. E.Sithole

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.